**Izisebenzi zeHHovisi lakwa-SARS Elilawula Impahla Emngceleni kubanjwa izidakamizwa i-*cocaine* ka-R25 million**

**Tshwane, 11 kuMfumfu 2024 –** Izisebenzi zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni loPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (u-SARS) zibambe izidakamizwa ze-*cocaine* eyizitini ezingama-47, zenani lasemgwaqeni elilinganiselwa ku-R25-million, e-OR Tambo International Airport ekuseni namuhla.

Izitini ze-cocaine ebezinesisindo sika-50 kg, zazipakishwe esikhwameni sezimpahla esabonwa yizisebenzi zeHHovisi Elilawula Impahla Emngceleni kanye nonogada basesikhumulweni sezindiza ebhandeni elihambisa izikhwama zendiza ebisuka e-Sao Paolo e-Brazil iya e-Kinshasa e-Democratic Republic of the Congo (DRC).

Izisebenzi zeHhovisi lakwa-SARS Elilawula Impahla Emngceleni zihlole isikhwama sezimpahla zabona izinto ezisolisayo esikhwameni. Lezi zinto zahlolwa zatholakala zinokunesidakamizwa. Babengekho abagibeli ababehamba nesikhwama ngalokho-ke abekho ababoshiwe. UPhiko LwamaPhoyisa aseNingizimu Afrika luzoluphenya lolu daba emva kokuba yonke into yadluliselwa kubo.

I-Sao Paolo e-Brazil yindawo enobungozi obuphezulu okungena kuyo laba abashushumbisa izidakamizwa, okuba izikhwama okungaba ukuthi zihamba nabagibeli noma zihamba zodwa ezine-*cocaine*. Kulamasonto akamuva kubanjwe abashushumbisa izidakamizwa abaningi e-ORTIA.

UKhomishana wakwa-SARS Edward Kieswetter uxwayise labo ababandakanyeka ekushushumbisweni kwezidakamizwa ngokuthi indlela yokusebenzisana kwama-ejensi iyaqaliswa ukusetshenziswa ukuze babhekane nengalo yomthetho. IHhovisi lakwa-SARS Elilawula Impahla Emngceleni, i-Border Management Authority, i-Airports Company, i-SAPS kanye noMnyango weziNdaba zaseKhaya basebenzela ukuvikela izakhamuzi esihlaveni sezidakamizwa. Uthe "Le ndlela yokusebenza ehlanganisa amakhono emikhakha eyehlukene inemiphumela ebonakalayo ekhonjiswa ukuboshwa nokubanjwa okusanda kwenzeka. Ngokwenza lokhu, sivikela inhlalakahle yezakhamizi zethu, ikakhulukazi abantu abasha abayikusasa lethu," kusho uKhomishana wakwa-SARS.

Ngolwazi olwengeziwe xhumana ne SarsMedia@sars.gov.za.